


UKUTSHALA IZIMALI

 ...ukuba nalemizuzu embalwa nani bantu. Futhi ngiyabonga kuMfowethu Pearry ngalesisimemo sokuba lapha, nangalo lonke ubambiswano lwenu.

² Ngicabanga ukuthi lokhu ngukuvakasha kwethu kwesithathu edolobheni lakini elihle. Besihlala njalo sithola abantu lapha benobungani, futhi njalo bekhuluma, bakwelulele isandla, noma ngabe bayakwazi, noma qha. Ngivakashele ezinye zezindawo zamabhizinisi, nokuthi kuhle kanjani. Njalo kubonakala kwehlukile kunoma kunjalo enhla enyakatho ebandayo; bangibona ngiza, bayakulindela bese bephuma, futhi yilokho kuphela okwakho. Kodwa kuyivelakancane impela ukuba uvakashele indawo ngaphandle uma umuntu ethi, “Ngiyabonga! Ubuye futhi uzosibona!” Ngiyakuthanda lokho.

³ Manje-ke, ngicabanga ukuthi uMfowethu Pearry lapha, njengoba ngingambiza ngalokho, nje... Ngimdala kunoyise, ngakho ngiyaqagela ngingambiza ngoMfowethu Pearry. Cishe impela sasingamazi umfana, ekwethulweni kwendodana yami nje, uBilly Paul, owayefunda naye. Kodwa uma ekhona noma ubani kulelidolobha, noma ngakhona, phakathi nalapho kufinyelela itelevishini, oyolahleka ngosuku lokugcina, ngeke kubenjalo ngenxa yokuthi uMfowethu Pearry akenzanga yonke imizamo ukuzama ukuthola abantu baye kuKristu. Ngempela akashiyanga nalinye idwala lingembulwanga. Futhi lokhu ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla enkulu yokuba lapha.

⁴ Ngenkathi uMfowethu Pearry ethi kimi, nginga “khuluma yini edilini lesidlo” ayenalo, ukuthi abanye bozakwabo bebhizinisi bebezoba lapha. Awu, impela angisiso isikhulumi. A—angizisho ukuthi ngiyilokho, kodwa ngicabange ukuthi ngingakhuluma. Bekungaba ukuhlonipheka kimi, emva kokuba nesimemo esinjalo, ukukhuluma ko—ko... ozakwabo abangosomabhizinisi.

⁵ Nginenhlanhla yokuhamba amazwe ngamazwe, umhlaba jikelele. Futhi ngikhulumela kakhulu uMkhandlu wezikhulu zesonto ezingoSomaBhizinisi beFull Gospel. Futhi ngiyazi ukuthi lesi nje yisikhathi esincane senhlanganyelo, ngakho ngithanda ukuzwakalisa into ethize eyayibukeka ngesinye isikhathi. Kwakukhona indoda, emva kokuba sengiqedile ukukhuluma... Konke kwakungosomabhizinisi. Futhi, ngakho, ngaphandle kwakukhona umfo oza kimi, wayesethi, “Ungumshumayeli, awusuye na?”

Ngase ngithi, “Yebo, mnumzane.”

⁶ Wathi, “Uzilazilelani ngakulaba osomabhizinisi na?”

Ngathi, “Ngingusomabhizinisi.”

Ngakho wathi, “O, unguye na?”

Ngase ngithi, “Yebo, ngi—ngingusomabhizinisi.”

Wathi, “Nhloboni yebhizinisi okuyo, mnumzane na?”

Ngase ngithi, “IsiQiniseko sokuPhila okuPhakade.”

⁷ Futhi akangitholanga nje kahle. Ngakusho ngasheshisa. Wathi, “O, u—uMshwalense wokuPhila okuPhakade.” Angizange ngithi umshwalense; ngathi isiqiniseko, futhi u...Kodwa angizange ngimtshela. Wayesethi, “UkuPhila okuPhakade,” wathi, “Angazi. Angikholwa ukuthi ngake ngezwa ngawo ngaphambili.”

Ngathi, “Lokho kubi kabi.”

Wathi, “Awu,” wathi, “likuphi ikomkhulu na?”

Ngathi, “Izulu.”

⁸ Ngisekulelobhizinisi. Ngithanda ukuxoxisana ngepholisi yomshwalense nanoma ubani wenu, emva kokuphela kwenkonzo, kulobubusuku. Ngishisekele kakhulu ngomsebenzi wami. Futhi, ngakho, futhi angizange ngithi manje, “umshwalense,” ngathi, “isiqiniseko.”

⁹ Umshwalense ulungile, qondani. Ngiyakhumbula... Kusobala, anginawo ngalesisikhathi.

¹⁰ Ngiyakhumbula, emva kokuganwa, umkami nami sasihlezi endlini, ngoluny’usuku. Nomngani wami olungileyo... Umfowethu ungumthengisi womshwalense, iWestern-Southern. Lomfana wayengumthengisi wePrudential. Ngangifunda naye, umfana okahle kakhulu. Umfowabo—wabo ubhala *The Upper Room*, wenzela, ngikholwa ukuthi ungumfundisi wamaBaptisti, futhi ubhala izindatshana ephepheni elincane elithiwa *The Upper Room*. Abantu abakahle kakhulu. Ngakho wenyukela ukuzongibona, ngoluny’usuku, wayesethi, wathi, “Billy, ngi—ngizwa kuthiwa wathola ukuntinyela okuncane ngesiny’isikhathi ngomshwalense.”

Ngase ngithi, “Yebo.”

¹¹ Wathi, “Kuthi ukukunika umuzwa omncane omuncu ngakuyo?”

Ngathi, “Qhabo, hhayi ngempela.”

Wathi, “Ngicabange ukuthi ngize futhi ngixoxe ngepholisi yomshwalense nawe, Billy.”

¹² Ngase ngithi, “Awu,” ngathi, “Wilmer, ngiyabonga,” ngathi, “kodwa ngi—nginesiqiniseko.”

Wayesethi, “O, ngiyaxolisa.”

¹³ Nomkami wayesengiqalaza, sengathi ngangingumzenzisi. Wayazi ukuthi ngangingenawo. Wangibuka eshaqekile nje. Ngathi...

14 “O”, wathi, “Ngiyaxolisa, Billy.” Angahle ukuba wacabanga ukuthi nganginawo ngomfowethu, uJesse. Ngase ngithi . . .

Umkami wangibuka. Futhi u . . . Ngathi, “Yebo, nginesiqiniseko.”

Wayesethi, “Unayiphi inkampani na?”

Ngase ngimtshela into efanayo, “UkuPhila okuPhakade.”

Wayesethi, “O,” wathi, “yilowo na?”

15 Ngase ngithi, “Ya. Nginawo: Isibusiso esiqinisekileyo, uJesu ungowami! O, isandulela esinje pho senkazimulo yobuNkulunkulu! Ngiyindlalifa yensindiso, ngithengwe nguNkulunkulu, ngaZalwa nguMoya waKhe, ngagezwa eGazini laKhe.

16 Wathi, “Billy, lokho kuhle kakhulu. Ngiyakuthokozela lokho. Kodwa lokho angeke kukubeke phezulu lapha emangcwabeni.”

17 “Kodwa,” ngathi, “kuyongikhipha. Angikhathazekile . . .” Ehhe. Ya. Angikhathazekile ngokungena; kungukuphuma.

18 Ngisangalokhu ngithanda ukuxoxa ngepholisi yomshwalense nani, emva kwenkonzo, uma . . . Ngiqinisekile ukuthi Ilungile.

19 Manje, ngokujwayelekile nginabantu ukuba bame ngenkathi sifunda iZwi, kodwa, kulobubusuku, ngizozama ukukweqa lokho kangoba—kangoba kul’khuni kini ukuba nime. Kodwa ngaphambi nje kokuba sifunde iZwi, asikhothamise amakhanda ethu nje imizuzwana embalwa, njengoba sikhuluma kuMqalisi weZwi. Njengoba besithi nje ukuntelisana, nokuthi nje ukwehlisa, noma, njengoba sikubiza ngokuthi, “ukwehlisa sikhipe unwele.” Ngakho asiye ngasohlangothini olungcwele manje, nobuqotho, futhi siphendulele izinhliziyzo zethu ngaseZulwini njengoba sivula iZwi. Manje noma yimuphi umuntu okwazi ukunyakazisa izandla zakhe angalivula iBhayibheli, kodwa akukho namunye ngempela ongavula ukuqonda kodwa uMoya oNgcwele omkhulu, ngakho asikhulume kuYe.

20 Baba wethu waseZulwini, sithokoza ngempela, kulobubusuku, ukubuthana lapha naleliqembu labantu, leli ilinganeno kwePhakade, futhi sibe nalenhlanganyelo enhle. Futhi njengoba sihlezi sizungeze lamatafula, kulobubusuku, sibukana ngale, nozakwabo bebhizinisi na—namaKristu, sinokwazi ukuthi kuza esinye isikhathi lapho esiyohlangana khona. Sithemba ukuthi sonke siyoba Lapho, wonk’umuntu ekhona kulesoSidlo sakusihlwa esikhulu somshado emoyeni, lapho iNkosi iyophuma, yesule zonke izinyembezi emehlweni ethu, futhi ithi, “Kwenziwe kahle, zinceku zaMi ezinhle nezethembekile, ngenani ezintokozweni zeNkosi, okulungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba.”

²¹ Uma bangahle babekhona abanye, Nkosi, ongakwaziyo Wena ngaleyondlela, futhi ngiyakhuleka kulobubusuku ukuthi into ethize izokwenziwa noma ishiwo ezobabangela ukuba bashintshe indlela yabo yokucabanga, baphendukele kuWe; noma ngabe kulapha kukhona, noma ngoku—kuxhumana ngetelevishini, noma ngamateyipu azophuma esuka kulena.

²² Sibusise ndawonye manje, futhi busisa ukufundwa kweZwi laKho. Phendula izinhliziyiyo zethu nemicabango kubheke ngasekupheleni kwalokhu ukuphila, nalokho okuzoba ngumumo wangaphandle ngalesosikhathi. Ngokuba siqinisekile, Baba, ukuthi sonke sizolishiya lelizwe. Singabafayo, futhi asibuke KoPhakade, onguYena kuphela ongasipha ukuPhila ngaphambili le kwalokhu. NgeGama leNdodana yaKhe, uJesu Kristu, siyakucela. Amen.

²³ Ngithanda ukuba ninginake, imizuzwana embalwa manje, ekufundweni kweZwi likaNkulunkulu. Ngithanda ukuqala ngifunde eVangelini likaMarku oNgcwele, ngicabanga ukuthi isahluko 10, futhi ngiqale ngevesi 17.

Ekuphumeni kwakhe ukuya endleleni, umuntu wagijimela kuye, waguqa ngamadolo phansi... embuza, ethi, Mfundisi omuhle, ngiyakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?

...uJesu wathi kuye, “Ungibizelani ngokuthi ngimuhle na? kakho omuhle munye kuphela, futhi, uNkulunkulu.

Uyayazi imiyalelo ukuthi, Ungaphingi, Ungabulali, Ungebi, Ungafakazi amanga, Ungamamuki umuntu utho, Yazisa uyihlo nonyoko.

Kepha waphendula wathi kuye, Mfundisi, zonke lezinto ngizigcinile kusukela kwasebusheni bami.

UJesu wayesembheka emthanda, wathi kuye, Usilalelwe into yinye: hamba, uthengise ngakho konke onakho, uphe abampofu, khona uzakuba namagugu ezulwini: uze, futhi uthabathe isiphambano sakho, ungilandele.

Kepha wanyukumala ngalelozwi, wamuka edabukile: ngokuba wayenengcebo enkulu.

²⁴ Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo eZwini njengoba silinga ukudonsa kulendikimba nengqikithi. Manje ngicabanga ngendaba yokuba nabantu bebhizinisi, futhi njalo ngicabanga ukuthi abantu bebhizinisi uhlala njalo ekhathalele ukutshala i—izimali okuhle, sengize ngibize indikimba manje okwemizuzwana embalwa elandelayo: *Ukutshala Izimali.*

²⁵ Usomabhizinisi omuhle njalo ubheka o—okuhle, ukutshala imali okuzwakalayo. Uma engenjalo, khona—ke akasuye usomabhizinisi omuhle. Ufanele abheke into eyiyo ngempela.

²⁶ Futhi ngithanda ukuxoxa kini ngesimemo engininika sona emizuzwaneni embalwa edlule, ngalepholisi yomshwalense wokuPhila okuPhakade, njengoba ngizethule mina njengo—ngosomabhizinisi. Futhi ngingebhizinisi, futhi ngithanda ukuxoxa kini imizuzwana embalwa ngalo. NemiBhalo embalwa engiyibhale phansi lapha, nendikimba, ngithanda ukusebenzisa lawa okwemizuzwana embalwa, lamanothi.

²⁷ Akusilo i—ibhizinisi elihle ukugembula. Noma yimuphi umuntu uyakwazi lokho, ukuthi ukugembula akusilo ibhizinisi elihle, ngoba kungukuthatha ishansi. Awukwenzi neze, noma kuyivelakancane ukubona umgembuli. . . Ngoluny’usuku uyisicebi, futhi ngosuku olulandelayo usehamb’ecela. Ngakho uthatha eningi ishansi, uku—ukugembula. Ngicabanga ukuthi u—u—umgembuli u—uphila nje kalula ngezindleko zomzuzwana, futhi engabheki phambili enkathini ezayo, kungenjalo ubengeke agembule.

²⁸ Futhi angikholelwa kokunye kwalokhu ukutshala izimali kokuceba ngelanga, nakho, ngebhizinisi elithize elingakhonjwa uhlobo lwalo. Manje, noma yimuphi usomabhizinisi omuhle ubengethathe ishansi enjalo, mhlawumbe ekongeni kwempilo yakho—yakho, imiholo yakho; futhi ubuyotshala imali kuyo kokunye ukuthola ukusondela, ucebe ngokushesha okukhulu. Futhi alikhonjwa uhlobo lwalo. Omunye ugijima angene nolunye uhlobo lomqondo, ukuthi, “Lapha si—sinefemu ethize lapha,” alikho imuva kuyo. Ngicabanga ukuthi enhle, indoda ecabanga ngokuzwakalayo ibingaba yisiwula ukuzama ukutshala imali enkampanini enjalo e—enjengaleyo.

²⁹ Ngoba, nganginomngani, ngesinye isikhathi, o—owazama into enjalo. Futhi, ngenkathi enza, wa—walahlekelwa yiyo yonke into ayenayo, futhi walahlekelwa yiyo yonke imiholo yakhe yokuphila. Cishe eselungele ukuthatha umhlalaphansi, futhi wacabanga, “Awu, ngizo—ngizothatha leshansi,” ngoba indoda yayibonakala sengathi yayazi ukuthi yayikhuluma ngani. Kodwa, ithola ukuthi, i—inkampani yayiyinkampani yokuzenzisa nje, futhi kungekho zimpahla noma lutho, ngakho umfo bandla walahlekelwa yiyo yonke into ayenayo.

³⁰ Ngakho ngicabanga ukuthi, uma indoda ifuna ukutshala imali okuhle, ifanele kuqala ihlole inkampani yayo, noma ngabe yini etshala imali yayo kuyo, futhi ithole ukuthi izokwenzani. Ngicabanga ukuthi noma yimuphi umuntu ocabanga ngokusile ubengakwenza lokho.

³¹ Futhi manje-ke futhi, ngingakaqhubeki, ngithanda ukusho, akusiwo umqondo omuhle ukugcina imali yakho ephaketheni lakho. Abantu abanengi bathi, “Ngizo—ngizovele nje ngiyifake ephaketheni lami, futhi ngi—ngi . . . futhi nginayo.” Kodwa, uyazi, nina bosomabhizinisi nabesifazane, anicabangi ngalezozikhathi. Futhi akusiyo into enhle, ngoba ingebiwa.

³² Kungcono ukwedlula konke ukuba nayo isebenze. Njengoba iNkosi yasho, ngesiny'isikhathi, Inika amathalente angaka kwabangaka, nakwabanje, futhi manje-ke u...balitshala. Nalabo abenza okuhle, ukutshala imali okuzwakalayo, Ubapha imihlomulo. Kodwa ngenkathi indoda eyodwa ithi, "Nga—ngavele ngayigcina nje. Nga—ngangingafuni-kuthatha amashansi ngalo. Nga—nga—ngalifaka ephaketheni lami. Noma, ngalimbela ndawondawo." Wabe Esethatha lelo Ayemnike lona, futhi ulinika lowo owayedonse imihlomulo eminingi kakhulu, owalitshala kahle. Naleyo yindlela yeNkosi yethu yokwenza izinto.

³³ Manje, kodwa ukuba ubuzotshala imali entweni obufune ukuqiniseka kuyo, ubuzothola enye enhle, ifemu ethembekile efakazelwe ukuthi iyokhokha kahle. Manje, lokho ngokuhle, ukutshala imali okuzwakalayo. Emva kokuba usuyivivinyile ifemu, uyalazi imuva layo, waxoxa nomunye owenze ibhizinisi nalefemu, futhi uzwe ubufakazi bawo wonke umuntu, "Iyikhulu lamapente. Bahlala njalo beqonde ngqo nemihlomulo yabo. Futhi—futhi kukhona enkulu ingcebo eyimali yokuqhuba umsebenzi emva kwayo, ukuthi inkampani ayizukuhlakazeka." Nalokho ngokuhle, ukutshala imali okuzwakalayo. Futhi manje, empilweni yonke, abantu ubefundiswa lokho.

³⁴ Manje sikhuluma kulobubusuku ngomBhalo, womfana osemncane ongumHeberu, owayelu—luhlobo olucebile lomfana. Angahle ukuba wayevela ekhaya elikahle ngempela, akungabazeki. Ubufakazi bakhe bakhombisa ukuthi wayevela e—ekhaya elikahle. Wayebizwa, eBhayibhelini ngokuthi, "umbusi osemncane oyisicebi." Ngizokushintsha kulobubusuku, kancanyana nje, ngithi, "usomabhizinisi osemncane oyisicebi," ngoba wayenebhizinisi, futhi wayekhathalele i—ibhizinisi. Futhi akungabazeki uyise wayekade engusomabhizinisi omkhulu ophumelelayo, kungenjalo cishe wayengeke abe nalokho ayenakho. Kodwa wakhuliswa uku—ukuba abe ngusomabhizinisi.

³⁵ Futhi wayebone into ethize kuloMfo osemncane waseGalile, lomProfethi osemncane oGama linguJesu waseNazaretha. Akukho kungabaza wayezwile umpristi wakhe ekhuluma ngaYe, futhi mhlawumbe ngokumelana naYe. Kodwa ngenkathi ethola ukuthi nhla eNkosini uJesu, kwakukhona okuthize ngaYe lokho kwakwehlukile kunoma yiyiphi enye indoda.

³⁶ Futhi ngisho lokhu, njengomKristu, ngempela akukashintshi. Sinosiyazi bezenkolo amakhulu ezweni, ezweni lonke, sibe nabo iminyaka eyizinkulungwane, ongasethulela i— isivumokholo. Futhi bafundiswe isikole kulezizivumokholo, futhi ibandla eli—elijibandla elisungulwe kahle. Kodwa lokho kuselokhu kungesiyo ipholisi yami—yami yomshwalense kulobubusuku engikukhuluma ngayo. Ngikhuluma ngokuPhila okuPhakade.

³⁷ Futhi lomfo osemncane, azi ukuthi wayeyilunga lebandla, kodwa ebona kuJesu into ehluke. Ngakho wanikezwa ithuba ukutshala imali, ngenkathi ethola uJesu futhi ebonile ukuthi Wayenzani. Futhi wayelifundile iBhayibheli lakhe, futhi wayebonile kuJesu ukuthi into ayeyizwile abaprofethi bakhe beyifunda ebandleni lakhe, nokuthi babeyini. Futhi wayekutadishile lokho ngale kokungabaza. Futhi khona-ke ngenkathi ebona kuloJesu waseNazaretha, owayecatshangelwa ukuba phakathi kwabantu, umProfethi, wabona into ethize kuloMuntu oyaMbandakanya nemiBhalo.

³⁸ Futhi ngicabanga ukuthi, namhlanje, akukaguquki kakhulu. Abafundi beBhayibheli nabathandi beBhayibheli, uma ngempela sithola ukuthi nhla ezinhlanipheni zethu, zokuthi uJesu wayeyini nokuthi Uyini, kuguqula isimo sethu sonke sokuziphatha. Akukho noyedwa ofana naYe, akunandaba ukuthi kuhle kanjani. Sithe siyaqonda ukuthi Yena... Sicabanga ukuthi Wayengenakho ukufunda okuningi esikoleni, futhi Wayekhuluma njengomuntu ojwayelekile, futhi egqoka njengomuntu ojwayelekile, futhi ephila nomuntu ojwayelekile. Kodwa nokho kwakukhona into egqamile ngaloMuntu, futhi kwaheha ukunaka kwalomfo osemncane. Ngangokuthi, lokho, wayenayo yonke ingcebo yomhlaba, mhlampe, ayeyidinga futhi ayengayisebenzisa esikhathini sakhe sokuphila, futhi weneliseka kahle ngalokho. Kodwa ubonile ukuthi loMuntu wayebuka kwisikhathi esizayo futhi wabatshela izinto ezaziza, futhi wazikhomba qobo lwaKhe emBhalweni, futhi uNkulunkulu wazikhomba qobo lwaKhe kuMuntu.

³⁹ Manje akukho muntu ophilayo, ose kahle engqondweni yakhe, kuphela njalo omangalayo ukuthi uvelaphi, ungubani nokuthi, uyaphi na? Kubenezincwadi eziningi ezibhalwayo, osiyazi bezokudabuka kwezinto uvukile wawa. Kodwa yinye kuphela iNcwadi eyokutshela ukuthi ungubani, uvelaphi, nokuthi uyaphi, nalelo yiBhayibheli. YileyoNcwadi kuphela. Kuzo zonke izincwadi ezikahle esinazo, ubungazixebula, zonke. Leli yiQiniso. Noma yini ephambene naLeli ayilungile. “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka. Lonke izwi lomuntu liyakuba ngamanga; elikaNkulunkulu liyakuba yiqiniso.”

⁴⁰ Futhi uma ubona into ethize iyiyo ngokucacile kakhulu phambi kwakho, nemiBhalo yethenjiselwa lolosuku, ukuthi lowoMesiya wayezoba yini. Nalensizwa ikubonile lokho kukhonjwa nguNkulunkulu, kwase kuthi-ke lokho kwenza uJesu ehluke ngakho konke kunoma yimuphi omuny’umuntu eyake yambona. Ngakho, yanikwa ithuba.

⁴¹ Ngenkathi ifumana iNkosi uJesu, futhi mhlampe iMbonile emihlanganweni yaKhe nenkonzo yaKhe, yagijimela kuYe yase iwa phansi ngasezinyaweni zaKhe, ikhombisa ukuthi isimo sayo sokusondela sasikahle.

42 Yase ithi, “Mfundisi omuhle, ngingenzenjani ukuba ngibe nokuPhila okuPhakade na?” Manje yileyo nto esembuzweni. Hhayi imali yayo, noma qha, “Ngingajoyina ibandla laKho, Mnumzane na? Noma ngingaba ngowenhlango yaKho na?” Kodwa, “Ngifanele ngenzenjani ukuba ngibe nokuPhila okuPhakade na?” Kwakuyilowo umbuzo.

43 Futhi yanikwa ithuba ukuba iKwemukele, kodwa yenza isinqumo esingubudedengu. Yayi...yakwala. Yayingenalo isasasa, ngenkathi ithola ukuthi kwakuhambisana nani. Yaqonda, ukuthi ukuze yenze lokhu, yayifanele idele ukuthandwa kwayo ngabantu. Ngoba, uJesu wayengathandwa ngabantu, engakholeki phakathi kwabo, bengingasho budedengu, amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye abantu, noma mhlawumbe amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlano ayenjalo. BabengaMkholwa, njengomunye “umuntu ongenwe ngumoya omubi,” futhi wayebizwa ngokuthi, ngabaningi, “UBelzabule,” idemoni.

44 Futhi, nokho, imiBhalo ngokuphelele iMkhomba. Wayekhombe emuva kuyo, ethi, “Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade. Futhi YiYo efakaza ngaMi, noma enitshela ukuthi NginguBani.”

45 Lomfana ongumHeberu, ekhuliswa ekhaya, futhi azi ukuthi iBhayibheli la—lamtshele ngokucacile, imibhalo egoqwayo. UNkulunkulu uJehova wayeshilo ukuthi, “Uma ekhona ovukayo phakathi kwenu, ongowomoya, noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye ngemibono. Futhi uma akushoyo kufezeka, khona-ke mzwani lowomprofethi, ngokuba Nginaye. Kodwa uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa.”

46 Lolo ulimi olucacile. Kungukucabanga okuzwakalayo kuphela. Uma akusho, futhi akwenzeki, khona-ke kungamanga; uNkulunkulu akakushongo. Kodwa uma lokho ekusho, futhi kwe—kwenzeka, lokho yiqiniso; futhi akukho okungaphezulu, okuqinise ukwedlula iqiniso.

47 Ngakho lensizwa yayikubonile lokhu eNkosini uJesu, futhi yazi ukuthi Wayephethe izihluthulelo kulokhu kuPhila okuPhakade, futhi yayifuna lokhu kuPhila okuPhakade, kodwa yalingaba ithuba ukuba itshale imali yayo. Yayingakukhathalele ukutshala imali okunjalo. Nakuba i . . .

48 Wayekhunjwe kahle ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Ukhonjwe ngokupheleleyo. Intombi yayikhulelwe, yazala iNdodana. Wazenza zonke izibonakaliso uMesiya ayefanele ukuzenza.

49 Kodwa ukuze iMemukele, yayifanele isuke esikweni layo. Yayifanele isuke kulo.

50 Besingathanda ukunikela ukuthi kuphela e...lomfana weJuda, kodwa kubi kakhulu sifanele futhi sikuqaphele, namhlanje, indlela efanayo. Yinani elikhulu. Singanikela

emabandleni anamhlanje. Futhi izikhathi eziningi, abantu abazibiza ngamakholwa, futhi abavumi ukuzehlukanisa nokusuka ezintweni zezwe, njengoba lombusi osemncane acelwa ukuba akwenze, ukuba abe nepholisi yomshwalense wokuPhila okuPhakade. Nokho, kamuva, nathi siyaKubona kukhonjwe kahle ngumBhalo, ukuthi amaPholisi omshwalense asanikezwa kulowo ofuna ukuWemukela.

⁵¹ Njengoba ngishilo, yabona into ethize kuJesu, akukho muntu owayenayo, kodwa inani lalikhulu kakhulu ukuthi yayingafuni ukukhokha inani.

⁵² Yinto efanayo namhlanje. Njengoba ngikholwa, kulobubusuku, ngingahle ukuba ngikhuluma emahlelweni ahlukene, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iRoma eliKatoli, iJuda leBandla lomthetho, uBuda, nokunye, labo ngabantu bebhizinisi bedolobha. Kodwa kukhona, ngempela, uma ubona into ethize ngamehlo akho uqobo, ukuthi imiBhalo ikhomba ukuthi kuyiqiniso; besingaba ngabantu abangacabangiyo kakhulu impela, ukuthi, uma sikhathalele ukuPhila okuPhakade, ukuba siKwale. Bekungaba yi—yisinqumo esingubudedengu njengoba lensizwa yasenza. Izikhathi eziningi, ngisho nomfundisi wethu wasesontweni wanza leliphutha elingubudedengu elifanayo, nakuba beyizifundiswa ezinkulu eziphucukile ezivumwenikholo, ezikwaziyo ku A kuya ku Z. Kodwa, khumbulani, labobapristi ngalolusuku babeyazi imibhalo egoqwayo, kusukela ku A kuya ku Z, nabo, kodwa behluleka ukubona okwabonwa yilensizwa.

⁵³ Futhi yayikhathalele u—uJesu eyinika ukuPhila okuPhakade. Kodwa ngenkathi ithola ukuthi kwakuzoyibizani, khona-ke ayikhathalelanga.

⁵⁴ Niyazi, iBhayibheli liyasitshela, kulonyaka esiphila kuwo. Njengoba uMfowethu Peary onomusa kakhulu lapha esichasisele, ukuthi wayekholwa ukuthi kwakusezinsukwini zokugcina. Impela ngi, ngikukholwa ngokugxilile lokho ngayo yonke inhliziyi yami. Ngikholwa ukuthi umBhalo uyakukhomba.

⁵⁵ Ngikholwa ukuthi—ukuthi—ukuthi isayense iyakukhomba. Ososayense uthi, “Kusele imizuzu emithathu kushaye iphakathi nobusuku.” I—i. . . Izinhlelo zethu esizibona kwitelevishini na—nasemsakazweni, nokuthi—nokuthi abantu bakithi baziphatha kanjani, ku. . .

⁵⁶ Njengoba ngenza ukuphawula lapha noma kwenye indawo, ukuthi kungikhumbuzwa, kukho konke ukuqhubeka abakwenzayo, kungikhumbuzwa ngomfana omncane edlula emangcwabeni ngesikhathi sasebusuku, eshaya ikhwela, ezama ukuzenza ukuthi acabange ukuthi akesebi, kodwa uyesaba.

⁵⁷ Yileyo indaba ngakho konke ukujika kwethu kukho konke esikwenzayo namhlanje, kukho konke ukuthandwa kwethu

ngabantu okuqhubekayo. Sizama ukwenza abantu bacabange ukuthi asazi ukuthi ihora seliseduzane, kodwa siyazi ukuthi linjalo. Ososayense bakithi bayakwazi. Okwethu... Ipentagon iyazi. Bonke, sonke siyazi ukuthi ikhona into ezokwenzeka. Wena, ungayizwa ngqo emoyeni osizungezile, futhi siyazi sekusondele.

⁵⁸ NeBhayibheli lethu liyasitshela, eSambulweni isahluko 3, ukuthi ibandla kulonyaka lizokhonjwa nje—njengalo ocebile, osemncane, umfana ongumHeberu, “ucebile, kawuswele lutho,” loNyaka waseLawodikeya. Uma kwenzeka kuba nabefundisi lapha, noma abafundi beBhayibheli. Lona nguNyaka waseLawodikeya. Futhi kwathi, “Ngokuba ngicebile, ngihlezi njengendlovukazi, kangisweli lutho.” Wathi, “Kawazi ukuthi ungolusizi, ompofu, ophuphuthekile, owokuhawukelwa, ohambaze, kanti kawazi.” Into edabukisayo yalesisicaphuno sangokomBhalo si...

⁵⁹ Uma sibone indoda noma umuntu emgwaqeni, obeyimpumpethe futhi ehambaze futhi engowokuhawukelwa futhi empofu, lokho bekungaba ngu—ngokubona okwesabekayo. Akekho noyedwa obengegijimele kubo ngokushesha okukhulu abangakwenza, futhi bathi, “Mngani, uhambaze. Ufanele—ufanele... Usobala. Ngena, ngokushesha, futhi—futhi—futhi angikunike okunye kokugqoka. Futhi ngizokusa ndawondawo ukubona ukuthi ngingeyithole yini inyanga, abangabuyisela ukubona kwakho,” noma uzame ukumenzela okuthize umuntu.

⁶⁰ Uma-ke uhlangane nomuntu onjalo njengalowo, futhi bajikele kuwe futhi bakutshela ukuthi naka ezakho na? Abazi ngisho nokuthi bakulesosimo. Manje uma ungaleyondlela, futhi ukwazi, akukubi kakhulu. Kodwa uma ungaleyondlela, futhi ungakwazi, leyoyingxenyane embi. Ungeke wabatshela.

⁶¹ NalomBhalo ufanele ugwaliseke, njengoba yonke imiBhalo ifanele igwaliseke. IBhayibheli lasho ukuthi lokhu kuyoba ngumumo ngezinsuku zokugcina. Futhi bamalile uJesu, futhi Wayengaphandle kwebandla, ezama ukungena. Waliwa, ngokusobala nje njengoba kwenza lomHeberu osemncane. Naleli kwakuyibandla labeZizwe, ibandla loMlobokazi, elibizelwe ngaphandle, elibizwa ngokuthi “ibandla lamaKristu” ngezinsuku zokugcina, kodwa baMkhipha ngesizathu esifanayo losomabhizinisi ongumHeberu osemncane aMkhiphela sona. Inani lalikhulu kakhulu. Abakwazanga uKulemukela.

⁶² IBhayibheli lasho lapha ukuthi babe “cebile,” lathi babe “ngasweli lutho.” Lomfana osemncane wayecebile, engasweli lutho. “Siyihlelo elihle elakhe izinqubo ezinkulu. Sinobuzalwane. Sinakho konke *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Sibe nezivumokholo zethu amakhulu eminyaka. Sahlala. Kasisweli lutho. Ungasitsheli noma yini ngaLo!”

⁶³ Awu, leso yisimo sokuziphatha esingukuzidla okukhulu kunoma lomfo osemncane asithatha. Akaluthathanga lolohlobo lwesimo sokuziphatha. IBhayibheli lasho, ukuthi, “UJesu wambheka futhi wamthanda.”

⁶⁴ Ngiyamangala namhlanje, uma phakathi kwakho konke ukudideka kwethu nokuba yizwe lethu, futhi nokho sizama ukubamba ukuvuma kwethu kokuKristu, uma kungesilo uthando lukaNkulunkulu oluphoqelega inkonzo ukuhlala ensimini. Ngiyamangala uma kungesiyo into efanayo, njengoba lapha siMthola engqongqotha emnyango, ezama ukungena. Manje sithola lezizinto, zikuyo yonke iminyaka, bekungalendlela.

⁶⁵ Manje, ukonga isikhathi, sixoxa ngalepholisi yomshwalense futhi, futhi nje ngibekela nina izihloko okwesikhashana.

⁶⁶ Manje lomfana ocebile, akacelanga ukujoyina ibandla laKhe. Wa—wayengowasebandleni. Kwakufakazisa.

⁶⁷ UJesu wathi kuye, “Gcina imiyalelo. Wena uyayazi. Ungaphingi. Ungebi. Ungaqambi amanga, uphange utho lomuntu. Futhi—futhi wenze, futhi—futhi manje—ke yazisa uyihlo nonyoko.”

⁶⁸ Nalomfo osemncane wafakazisa ukuthi wayengo—ngokahle, umfana ophucukile, hhayi nje omunye ebesingambiza namhlanje ngokuthi yi—yisixhwanguxhwangu. Wayewuhlobo olukahle lomfana, wayekade ekhuliswe ekhaya elikahle. Wathi, “Mfundisi, ngikwenzile lokhu kusukela ngisengumfana, yonke impilo yami.” Niyabo, kwakhombisa ukuthi abazali bakhe wayenabazali abahle. Abakhe babeya ebandleni elalikholelwa ekugcineni imiyalelo. Kodwa nokho, ebandleni, ukugcina imiyalelo, kwakuselokhu kungakuphenduli akubona kuJesu. Wayazi.

⁶⁹ Ngesivumokholo sethu nangebandla lethu, nokugcina imiyalelo, kusalokhu kungasiniki ukuPhila okuPhakade. Akuzange ngaleyonkathi, kanjalo akukwenzi namhlanje. Kukhona into ethize ofanele uyenze.

⁷⁰ Manje, sithola ukuthi kwakungesikho ukuthi ngoba wayengesilo ilunga lebandla. Kwakungesikho ukuthi ngoba wayengalungile ngokwesimilo. Wayelungile.

⁷¹ Kodwa singaba yilunga lebandla, futhi silunge ngokwesimilo, sibe sisalokhu singakutholanga ukuPhila okuPhakade. Akusikho ukwazi iZwi; abanye babo bangosiyazi bezenkolo, nezifundiswa ezinkulu, nothisha bakaSonto-sikole, abachasisi beBhayibheli, kodwa lokho akusho-nto. USathane uyalazi leloBhayibheli kangcono kunanoma ubani wethu. IBhayibheli lathi, “UkuMazi kungukuPhila,” hhayi ukwazi iZwi. “UkuMazi kungukuPhila.” USathane futhi uyakholwa futhi athuthumele. Kodwa sifanele sibe nesehlakalo sokufa, ukumbelwa, nokuvuka, ekuphileni kwethu okudala, siye

ekuPhileni okusha okufika kuKristu. Kufika kuphela ngoMoya oNgcwele, ukuPhila okusha.

⁷² Manje asihlole abanye balababantu kusukela phansi eminyakeni, bemambe lepholisi yomshwalense, futhi sibone ukuthi ngabe uyakhokhela noma qha. Manje-ke ngizothanda ukunilethela, njengoba nginitshela ekuqaleni, ukuthi ufanele uxhumane nomunye umuntu uma uzotshala imali; uthole ukuthi kwenzekani, ini, ngabe ukhokhela kahle yini. Ufanele ukwenze lokho ebhizinisini lakho. Ngifuna ukukhuluma ngabanye babanikazi balepholisi yalomshwalense.

⁷³ Ngiyaninakisa, kulobubusuku, emuva kuGenesisi, umprofethi ogama linguNowa. Nokuba wavivinywa ngazozonke izindlela ayengavivinywa ngazo, kuzozonke izindlela uSathane ayengamvinywa ngazo, ukumenza ayiyeke leyopholisi yomshwalense; kodwa uNowa wabamba isithembiso sikaNkulunkulu, ipholisi yomshwalense wokuPhila, ngoba uNkulunkulu wamtshela ukuthi yonke into engaphandle kwalowomkhumbi yayizobhujiswa, futhi nakuba kwakubukeka kuwuhlobo olungejwayelekile kubantu abacanga isimodeni ngosuku lwakhe.

⁷⁴ Yilokho okwenza iVangeli namhlanje. Lingajwayeleki, ngoba uNkulunkulu ungongejwayelekile. IZwi laKhe lihunyushwa ngokungejwayelekile kulokho thina ngezinye izikhathi esinaLo lihunyushwa.

⁷⁵ Kodwa, njengoba ngishilo ngaphambili, uNkulunkulu akadingi muntu ukuba ahumushe iZwi laKhe. Wenza ukuhumusha kwaKhe yena uQobo ngo—ngokuzenza zifezeke izinto Athi Wayezozenza. Uhumusha iZwi laKhe uQobo. Akakudingi ukuhumusha kwethu. Kungukuthi, ukuhumusha kwethu kuyimicabango yethu uqobo eyenziwe ngumuntu esibeka naLo.

⁷⁶ Ngenkathi uNkulunkulu ethi, “Makubekhona ukukhanya,” futhi kwabakhona ukukhanya. Lokho akudingi kuhunyushwa.

⁷⁷ UNkulunkulu wathi, “Intombi iyakukhulelwa,” futhi yakhulelwa. Lokho akudingi kuhunyushwa.

⁷⁸ UJesu wathi, “INdodana yomuntu yenyukela eJerusalema futhi ukuba inikelwe ezandleni zomuntu oyisoni. BayoMbethela, futhi ngosuku lwesithathu Uyovuka futhi.” Lokho akudingi kuhunyushwa.

⁷⁹ Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka, kuzekube sekupheleliseni.” Ulapha. Akudingi kuhunyushwa. Yisithembiso saKhe.

⁸⁰ “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Lokho

kutholakala kuJohane oNgcwele 14:12. Futhi siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso, ngakho akudingi kuhunyushwa.

⁸¹ UNowa, eneZwi likaNkulunkulu, wabambelela kuLo, ngoba wayengumnikazi wepholisi yomshwalense wokuPhila, isiqiniseko sokuPhila. Wabamba ipholisi yomshwalense. Futhi wayengumthengiseli wepholisi yomshwalense, futhi wayephumela nomaphi. Ngoba wawungathandwa ngabantu, wayengatholi muntu ukuwuthatha, umdeni wakhe uqobo nje. Waye. . . Ipholisi yomshwalense wakhe—wakhe wawubonakala usuphelelwe yisikhathi wonke, kubantu. Wawubonakala uphambene nokuzindla kwesayense yosuku. “Izimvula zehla zivela ezulwini.”

⁸² Lalingakaze line phezu komhlaba, niyakhumbula. Izwe lalimi liqondile. Singakufakazisa lokho namhlanje, ukuthi lake lama ngaleyondlela. Futhi uNkulunkulu wanisela izitshalo ngenkasa, eziphethwini emhlabeni.

⁸³ Manje isayense, ngalolusuku, mhlambe babehlakaniphe kakhulu kunoma benjalo manje, ngoba bakha amakhulu amabhucsi anekhanda lomuntu aqoshwe ngamatshe nezivivane, no—nokunye nokunye, izinto ebesingelinge ukuzenza namhlanje. Asinamandla abe—abengakwenza, kodwa bakwakha. Futhi ngicabanga ukuthi mhlawumbe babedubula inyanga ngerada umshini okwazi ukukhombisa izinto ezisithekile noma ngabe yini ababenayo ngalolusuku.

⁸⁴ UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa,” enye impucuko ifaniswa nalokho, “kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

⁸⁵ Siyabona lapha maduze lapho bamba khona amathange amanzi edolobha esimodeni lapha eMexico endala, anginamlando wakho, nhlobo. Niyabo, kungahle ukuba kwakukade kusukela komunye unyaka othize owedlule.

⁸⁶ UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka ngalolusuku,” indoda ehlananiphile, ekhaliphile. Kodwa uma kwakunjalo, khona-ke kuyobakhona ipholisi yomshwalense wokuPhila onikelwa kubantu. Washo njalo.

⁸⁷ Futhi, uNowa, angahle ukuba wayengakwazi ukuchaza. Isayense yathi, “Singathatha amathuluzi futhi sifakazise ukuthi akukho mvula phezulu lapho. Mnumzane, usangene ingqondo.” Kodwa noma kunjalo wayazi ukuthi iPhimbo elakhuluma kuye kwakunguNkulunkulu.

⁸⁸ Ngakho uma uNkulunkulu wayethe, “Kwakukhona amanzi avela phezulu,” nakuba kwakungekho manzi, uNkulunkulu unguElohim, Oziphilela yena. UngoWenele konke. Uma Athi, “Kungaba khona amanzi phezulu lapho,” Unamandla okubeka amanzi phezulu lapho, ukugcina iZwi laKhe.

⁸⁹ Ubaba wethu uAbrahama, ongukuthi ubaba wezizwe eziningi. Uma kwenzekile kube nabantu abangamaJuda abahlezi eduze, abamangalayo ukuthi abeZizwe wangena kanjani, uAbrahama kwakungubaba wezizwe eziningi. “Futhi akasingabazanga isithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa.” Wabamba ipholisi yomshwalense futhi. UNkulunkulu wayemenzele isithembiso, ukuba abe ngubaba wezizwe eziningi; hhayi izizwe zamaHeberu kuphela, kodwa ezinye izizwe, ayezoba ngubaba wazo.

⁹⁰ Qaphelani, njengoba enza, isithembiso uNkulunkulu amnika sona sasingubudedengu, ishinga. Wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, noSara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, ngaphambi kokuba athole isithembiso. Kodwa wazehlukanisa nabangakholwayo, ngoba wayazi ukuthi wayeyindlalifa yokulunga ngentando kaNkulunkulu, futhi akunandaba ukuthi kuthathe isikhathi eside kangani!

⁹¹ Mhlampe inyanga yokuqala yedlula futhi wathi kuSara, “Uzizwa unjani na?”

“Akukho-mehluko.”

⁹² Wathi, “Sizoba nayo ingane, noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo. Qhubeka futhi wenze izicathulwana zomntwana. Lungiselela yonke into. UNkulunkulu wathi siyoba nayo. Lokho kuyakuxazulula.”

Unyaka wokuqala wedlula. “S’thandwa, uzizwa unjani na?”

“Akukho-kwehluka.”

⁹³ “Awu, kuzoba yisimangaliso esikhulu kunoma besinjalo uma senzeke enyangeni yokuqala.”

⁹⁴ Niyabo, wayesethi akabe neminyaka eyishumi esedlule ukuya esikhathini ngenkathi isithembiso sinikezwa. Babengenabantwana. Wayeyinyumba, naye wayengazali. Ngakho ba...Kodwa wayesalokhu ebambe leyopholisi yomshwalense, ngoba kwakuyiZwi likaNkulunkulu, isithembiso. Wayengezukuphela naso. NeBhayibheli lashi, ukuthi, “UAbrahama akasingabazanga isithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo; azi lokhu, ukuthi, Unamandla okwenza lokho Athembise ukukwenza.” Ngakho umntwana wazalwa, ngenxa yokuthi wabamba i—ipholisi yomshwalense.

⁹⁵ UNowa wayibamba ipholisi yakhe yomshwalense, futhi yasindisa impilo yakhe. Leyo kwakuyinkokhelo. Hhayi ukuphila kwakhe kuphela, kodwa impilo yomndeni wakhe; yakhokha, ngokubasindisa.

⁹⁶ Asikhulume ngomunye umtshali zimali kulomshwalense wokuPhila okuPhakade. UDanyeli umprofethi, ngenkathi njengoba besingakubiza ngokuthi...Uma beningakuxolela, njengesisho sezwe; bengingafanele ngikwenze, ngiyethemba,

lapha epulpiti. Iyona ndlela kuphela engikwazi ukukwenza ngayo, “uma sekufika ephuzwini.” iNkosi UNebukadinesari wayengenile futhi uthathe abantwana bakwaIsrayeli ngoba babesukile kuNkulunkulu. Babesukile; besa lokhu benza yonke imihlatshelo yabo.

⁹⁷ Ngenkathi uNkulunkulu ebacela ukuba banikele ngamawundlu nezinkunzi, nokunye nokunye. Indoda, iJuda elikahle, lehla ngomgwaqo, nenkunzi ekhuluphalisiwe noma—noma—noma iwundlu elincane iligodle ekhwapheni. Ngosuku lokubuyisana, yehla ukuyolinikelela isono sayo. Yayiqotho ngenkathi ibulala lelowundlu, nompristi waligwaza. Yayisibeka izandla zayo phezu kwalo, yazi ukuthi ukuphila kwathathwa ukusindisa impilo. Yayo yayiqotho kukho. Futhi inqobo nje uma yayiqotho, kwakulungile. Kodwa isikhathi siyafika lapho sekuba yisiko lomndeni. UNkulunkulu wayesethi-ke, Wathuma umprofethi enkundleni, ogama linguIsaya, Wathi, “Imihlatshelo yenu, imikhosi ezothileyo, iyanuka ekhaleni laMi.”

⁹⁸ Yilapho thina bantu esesifike khona. Sijoyine ibandla. Okungukuthi, kulungile, siyazenza lezozinto. Kodwa, uthi, ungumKristu na? “NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian, iPentecostal, noma okunye okuthize.” Yisiko. Akukho kungena, ngokuqotho, nhlobo. Bangeke benyuke, bahambisane nemiBhalo nezinto. Baphila nje noma ngayiphi indlela abafuna ngayo. Uma benomelusi ozama ukubaqondisa, bayamkhipha. Abahlanganise lutho naye uma engenakuyingenisa iHollywood ebandleni; amaphathi, amaphathi okuwaka, amasapha amasobho, nakho konke okunye; bavumele abesifazane baziphathe noma ngayiphi indlela abafuna ngayo, futhi bagqoke noma ngayiphi indlela abafuna ngayo, engenasimilo, noma yini. Ukukhalela ucansi kuba i—inkambiso yesimodeni. Yihlazo.

⁹⁹ UJesu wathi, kulowo wesifazane. Ungahle nje ube neziqiniseko zobumsulwa ngakho konke ongakwenza, kodwa uyophendula ngokuphinga ngosuku lokwahlulelwa, wena ogqoke lezozingubo. UJesu wathi, “Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe.” Futhi akunandaba ukuthi umsulwa kangakanani, lesosoni siyophendula ngokuphinga, futhi uwena okuvezileyo. Nina maKristu, animahloni na? Nifanele niziphathise okwamadodakazi kaNkulunkulu.

¹⁰⁰ Nawe wesilisa, malunga ebandla, madikoni, ngisho nakubefundisi, eniyovumela omkenu benze lokho, nifanele nibe ngamadodana kaNkulunkulu. Lokho akuzwakali kunjengokuziphatha kwendodana kaNkulunkulu nemvelo kaYise kuyo. Nesaba ukusho into ethize ngoba inhlango izonixosha. Kunjalo.

¹⁰¹ UDanyeli wazimisela enhliziyweni yakhe ukuthi wayengezukulungcolisa ukutshala imali yakhe. Wazimisela, “Akunendaba ukuthi izwe, ukuthi inkosi ithola ukuceba kanjani, nokuthi izama kangakanani ukungichezukisela ezintweni zezwe, angizukulungcolisa. Angizukulungcolisa ukutshala kwami imali.”

¹⁰² O lizwe lamaKristu, ningakungcolisi ukutshala kwenu imali enikwenze ekuPhileni okuPhakade. Niyokona.

¹⁰³ UDanyeli wazimisela ukuthi wayengezukulungcolisa. Kwamkhokhela, ngokusindisa impilo yakhe ngenkathi ephoswa emphandwini wezingonyama. Ukutshala kwakhe imali ngempela kwamkhokhela.

¹⁰⁴ Abantwana bamaHeberu babezimisele ukuthi babengezukulungcolisa isithixo. Futhi kwamkhokhela, ngokusindisa impilo yabo esithandweni somlilo.

¹⁰⁵ Bese-ke kuza uSimoni Petru, umFarisi okahle owayekade efundiswe nguyise, ukuthi usuku lwaluyofika ukuthi—ukuthi kwakuyofika uMesiya. Yonke iminyaka, abantu abangamaJuda babekubhekile. Futhi akungabazeki ukuthi uyise wayemtshelile, “Ndodana...” Nga—ngafunda indaba encane ngesinye isikhathi, mayelana nakho, kungahle ukuba kwakuyingane kwane. Angisho ukuthi yayineqiniso.

¹⁰⁶ Kodwa wathi, “Bengibheke isikhathi sikaMesiya ozayo.” Futhi wathi, “Ngi—ngi—ngiyazi ukuthi ngaphambi kokuba lesosikhathi sifike, kuyobakhona zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamileyo, izinto zamanga ziqhubeka. Kodwa, ndodana, njengomHeberu, siyafundiswa, njengamaHeberu, ukukholwa abaprofethi bakithi, ngokuba iZwi leNkosi liza kubaprofethi, futhi yena kuphela. INkosi yathi, ‘Angenzi lutho Ngingakwembulanga kubaprofethi bami kuqala.’ NaloMesiya, ngokukaMose, ‘INKosi uNkulunkulu wenu iyovusa umprofethi phakathi kwenu, kubazalwane benu, onjengami.’ NoMesiya akayikuba ngumfundisi wemfundo. Akayikuba yihlelo. Uyoba ngumprofethi, neZwi leNkosi liyoba naYe.”

UAndrea wayemzwile uJohane ekhuluma ngonjalo eza, “oBhaphathizayo.”

¹⁰⁷ Kodwa manje-ke, ngolunye usuku, uSimoni qobo lwakhe wenyukela eBukhoneni bukaloJesu waseNazareth. Futhi wathi nje Angambheka, Wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase.” Wathatha ipholisi yomshwalense ngokukhulu ukushesha. Wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Lowo kwakungumBhalo oqinisekisiwe wosuku lwakhe, uMesiya. Behluleka kanjani abanye ukukubona na?

¹⁰⁸ Kwakukhona oyedwa omile, igama likaFiliphu, owahamba cishe amamayela ayishumi nanhlanu ezungeza intaba, eya kumfo ogama linguNatanayeli. Babekade benokufunda iBhayibheli ndawonye. Mhlawumbe ingxoxo yabo yayithi

ayibe nje, lapho emfumana phansi komuthi, ekhuleka. Wathi, “Natanayeli.” Kusobala, engumnumzane ohloniphekile owayelandela uJesu; noma iyiphi indoda elandela uJesu iyoba ngumnumzane ohloniphekile. Ngakho wamfumana ekhuleka; wa—walinda isikhashana. Kodwa niyaqaphela, akazange akhulume kuye ngesixhoba sakhe semithi yeminqumo noma okunye nokunye. Wangena ngqo odabeni, “Woza, ubone Esimfumene: UJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

Wathi, “Manje, kungaba khona yini okuhle okuvela eNazaretha na?”

Wathi, “Woza, ubone.”

¹⁰⁹ Leyo yimpendulo enhle ukuzedlula zonke noma yimuphi umuntu abengayinika omunye. “Woza, zitholele wena. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Woza, zihlolele wena khona.”

¹¹⁰ Endleleni ngale, ingxoxo yabo ngahle ukuba yayinje. Mhlawumbe uNatanayeli wathi, “Uyazi, kade sibheke uMesiya, iminyaka. Uyazi, Filiphu, ukuthi sikufundisise kanjani lokhu. Ngani, ngikholwa ukuthi uma uMesiya efika, uNkulunkulu uyodonsa imihubhe eZulwini futhi ehlise imihubhe emikhulu, indawo eyizitezi kuqhubeke njalo (elethu) igceke elikhulu lethempeli lapho uKhayafase umpriwi wethu omkhulu ekhona, futhi Uyothi, ‘Ngilapha.’” Niyabo? Kodwa leyo akusiyo indlela umBhalo owawuthe Uyofika ngayo.

¹¹¹ Uyofika kuphela ngendlela umBhalo owasho ngayo. Wafika kumprofethi njengoba wayenjalo nje uMose umuntu ojwayelekile, umelusi wezimvu.

¹¹² Qaphelani, futhi ngenkathi enyukela eBukhloneni bukaMesiya, futhi Wayesemgqeni noma ekhulekela abagulayo, noma ngabe yini Ayeyenza. Sithola ukuthi uMesiya umbuka uyamengama, wayesethi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

¹¹³ Manje unahle ucabange ukuthi kwakungoba wayegqoke ngaleyondlela. Kodwa, khumbalani, bonke abantu baseMpumalanga babegqoka ngokufanayo, umshuqulo nentshebe, nokunyenokunye. Niyakhumbula, uJesu wayehamba nabo, futhi, endleni ebheke eEmawuse, usuku lonke golokonqo, emva kokuvuka kwaKhe, futhi abaMazanga ngisho. Wayegqoke ngendlela efanayo.

¹¹⁴ Ngakho sithola ukuthi kulobuBukhona obukhulu baKhe, wathi, “Rabi.” LomHeberu osemncane okahle wathi, “Rabi, Ungaze nini na? Uke wangazi nini, Ungazi ukuba ngu—ngumIsrayeli, futhi oqotho, udumo enginalo na? Awukaze ungibone phambilini. Ungaze kanjani na?”

¹¹⁵ Futhi Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona.”

116 Wakhhipha ipholisi yomshwalense. Wawela ezinyaweni zaKhe njengoba kwenza lo omunye umfo osemncane, wathi, “Rabi, uyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli.” Igama lakhe alifi namhlanje.

117 Nango owesifazane omncane, ngingahle ngikhulume ngaye ngenxa yamanenekazi amile eduze. Lelinenekazi elincane lalingenjengani. Laline—nesiyalo sokuziphatha siphikisana nalo, nebandla. Mhlawumbe umntwana othize osemncane wayekhishelwe emgwaqeni, iphutha. Mhlawumbe abazali bakhe babengamnakekelanga. WayengumJuda ingxenye noweZizwe; wayengumSamariya.

118 Khumbulani, kunezinhlanga ezintathu zabantu, uma umBhalo wethu uqinisile.

119 Futhi uNkulunkulu angithethelele ngisho nokuphatha “uma” Uqinisile. Uqinisile. UNkulunkulu qobo lwaKhe. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi wabayinyama futhi wakha phakathi kwethu.” “Onguyena izolo, namuhla, naphakade.”

Ngakho lelinenekazi eliselincane lalikhishiwe.

120 Kuqala, ngingahle ngichaze uHemu, uShemu nabantu bakaJafethe. Manje thina, oweZizwe, sasingabahedeni ngalezo zinsuku, sasikhonza izithixo, kodwa umJuda noweZizwe babebheke uMesiya. Futhi Ufika kuphela kulabo abambhekile.

121 Ngezinye izikhathi namhlanje, sithi sibheke Yena, futhi sifake izigidi nezigidigidikazi zamadola ezintweni, futhi sakhe izikhungo nezinto. Ngiyamangala. Futhi izithunywa zenkolo zilamba ensimini, ngiyazazi, phandle lapho kulobubusuku zishumayela, zingafake zicathulo. Sifaka izigidi nezigidi zamadola embhedweni, bese kuthi-ke, ngani, izenzo zethu zibuhlala ngecala ubufakazi bethu.

122 Kodwa lapha lona wesifazane osemncane, njengoba simazi, wayengumSamariya. UJesu wayesendleleni yaKhe eya eJeriko, engezansi kweJerusalema. Kodwa Wazungeza iSamariya futhi wafika emzini obizwa ngeSikari, futhi wathuma abafundi bakhe kuwo ukuyothenga imiphako, ukudla. Futhi besahambile, lona wesifazane osemncane uyenyuka ukukha amanzi, futhi Wa—Wathi kuye, “Ngiphuzise.”

123 Futhi waqalaza, eMbona eyiJuda, wathi, “Akusilo isiko ukuthi Ungicele lokho.” Wathi, “UyiJuda.”

124 Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubani Obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi. Bengiyokunika amanzi ungabuseza lapha ukuzokha.”

125 Ngakho ingxoxo yaqhubeka, ngenkolo, ekugcineni Waxhumana nempilo yakhe. Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

126 Wathi, “Ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.”

127 Manje izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwalokho, abafundisi norabi bangololosuku, abesilisa ababefanele ukwazi kangcono, bathi, “UnguBelzabule. Wenza lokho ngomoya omubi.” Babefanele baliphendule ibandla labo. Ngakho bakwenza, bathi, “Ngumoya omubi.”

128 NoJesu wathi, “Ngizonithethelela ngalokho,” ukubuyisana kwakungakenziwa. “Kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile ukwenza into efanayo, ukukhuluma ngokumelana naWo akusoze kwathethelelwa,” futhi siyazi kwenzeka ngenkathi uTitusi, emva kokuba sebenqabe uMoya oNgcwele, uTitusi washisa ithempeli wayesehlakaza amaJuda aya kuwo wonke umhlaba. Futhi manje asewabuthana nje futhi, kugcwalisa umBhalo.

Manje, qaphelani, manje lona wesifazane osemncane.

129 Ngenkathi, lawomaJuda ekubonile lokho kwenziwa, futhi aWubiza ngokuthi, “umoya omubi, umoya ongcolile,” iBhayibheli lathi, “bebiza uMoya kaNkulunkulu, wenza umsebenzi, ngokuthi uMoya ongcolile, idemoni,” njengombhuli noma omunye umuntu omubi.

130 Kwase kuthi-ke, ngokushesha, lona wesifazane wakwazi okwehlukile. Ngenkathi Ethu, “Hamba ulande indoda yakho.”

Wathi, “Anginayo.”

131 Wathi, “Usho iqiniso, ngoba unayisihlanu, nale ohlala nayo, ayisiyo indoda yakho.”

132 Bukani lokhu. Ngokushesha wathi, “Nkosi, ngiyabona ungumprofethi Wena.” Khumbulani, babekade bengenabaprofethi cishe amakhulu amahlanu eminyaka. UMalaki wayengumprofethi wokugcina ongumHeberu. “Thina, siyazi ukuthi uMesiya uyeza, nalena kuyoba yinkomba kaMesiya. Siyazi, nxa Efika, yilokhu Ayokwenza.”

UJesu wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

133 Futhi wathatha ipholisi yomshwalense. Ehhe. Futhi wangena emzini, ukusabalalisa iziNdaba ezinhle, ukuthi wayefumene uMesiya. WayenokuPhila okuPhakade ngoba wayeMkholiwe. Wazikanjani na? Ubone inkomba yomBhalo ibonakaliswa nguYe.

134 “Siyakwazi lokho, nxa uMesiya efika. Iminyaka engamakhulu amane kade singenamprofethi, futhi, nxa Efika, leyo kuzoba indoda elandelayo enkundleni. Manje nxa Efika, siyoMazi, futhi Uzokwenza leyonto efanayo.”

135 Wathi, “NginguYe.” Wathatha ipholisi yomshwalense. Wayeyikhathethele.

136 UNikodemu. Imizuzwana embalwa, sengivala manje. UNikodemu, urabi, indoda ethi ayibe niminyaka engamashumi

ayisishagalombili ubudala. Wayekade ekholisekile ukuthi kwakukho into ethize ngoJesu eyayehlukile kunomunye umuntu, ngakho wayefuna ipholisi yomshwalense. Ngakho weza ebusuku, efuna ipholisi yomshwalense, futhi wathola ibhange livulelwe ibhizinisi. Ehhe.

¹³⁷ Lihlala livuliwe. Livuliwe edilini lesidlo. Livuliwe phandle lapho emgwaqeni. Livulwe nomaphi lapho okukhona noma ubani olungele ukwenza ibhizinisi, lepholisi yomshwalense nalo ongumnikaziyo.

Wathola ibhange livuliwe. Wathatha ipholisi yomshwalense.

¹³⁸ Manje siyazi, kuLuka 24:49, emva kokuba uJesu esekhethwe abafundi baKhe, babengabanikazi bepholisi yomshwalense wokuPhila okuPhakade. Ngakho manje, niyazi, epholisini yomshwalense wanjalonjalo, bakhokha njalo imihlomulo. Ngakho basevele bemukelwe futhi bakhethwa nguJesu, ngakho benyukela eJerusalema, belindile kuze kube uSuku lwePhentekoste, ukuba bathole imihlomulo yabo. Futhi yakhokhela, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, namandla okubonakalisa uJesu Kristu.

¹³⁹ Methodisti, Baptisti, Presbyterian, Bandla lomthetho, noma ngabe ungubani, enizisho ukuthi ningamaKristu, anenzi ngani into efanayo na? Ukholwa nguJesu Kristu bese uba yilunga lebandla, awunyukeli ngani ePhentekoste, uthole imihlomulo yakho, amandla kaMoya oNgcwele! Labo banikazi bepholisi yomshwalense bawukhipha. Ungakwenza, nawe, uma uyikholwa futhi uyikholwa ngempela.

¹⁴⁰ UPetru ekhuluma kubo, wathi, “Isithembiso ngesenu nesabantwana benu, esabo abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Babefuna ukwazi ukuthi benzenjani. Wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Kwakuyisithembiso.

¹⁴¹ Ngakho uma nje ungumvumi, kulobubusuku, futhi ungakaze ukhiphe imihlomulo yakho, awuyilethi ngani ipholisi yakho yomshwalense, kulobubusuku, ngixoxisane nawe ngayo isikhashanyana. Niguqe nami imizuzu embalwa futhi nithole ukuthi ngabe akunjalo yini. Nibe qotho ngayo. Izokhokhela khona manje, uma ngempela ongumnikazi wepholisi yomshwalense. Uzoyiqonda ipholisi yomshwalense, ukukholwa kwakho, uma uthi ikuNkulunkulu. Uma ikuNkulunkulu naseZwini laKhe, futhi ingekho ebandleni elithize noma esivumwenikhohlo sehlelo, kodwa nje ukholwe kuJesu Kristu, izokhokhela. Uyayazi ipholisi yaKhe uQobo yomshwalense.

¹⁴² Ukufaka omunye umlingiswa, ekwemizuzwana embalwa nje. Kwakukhona omunye umHeberu ocebile owahlangana noJesu ngolunye usuku emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka.

143 Uma bekungahle kubekhona umHeberu lapha, kulobubusuku, kumbe noma ungubani, Yena ebethelwe akusizo izaba kodwa ungahlangana naYe khona lapha, ngokufanayo nje—njengoba umbusi osemncane oyisicebi ahlangana naYe. Uma ufuna ipholisi yomshwalense, Ulapha ukuba enze ibhizinisi.

144 Kwakukhona indoda egama linguSawulu, futhi wayefundiswe kukho konke ukufundiswa okukhulu namasiko abantu bakubo. UGamaliyeli wayenguthisha wakhe, omunye wothisha bamaHeberu abakahle kunabobonke besikhathi. NoSawulu wayekushisekele kakhulu lokhu, waze wakhanda uStefane ngamatshe, noma ezibonela ngamehlo uStefane, noma ekuvumela. Wabamba amabhantshi alabo, ngenkathi evumela, enegunya elivela kumprihi omkhulu ukuphosa bonke labobantu, baleyopholisi yomshwalense, ejele, ngoba wayekade etshelwe ngamalunga akhe amadala, ukuthi, “LoMuntu wayengempofethi. Kwakungekho lutho kuloMuntu kodwa ukuba isidlamlilo.” Futhi wayenezincwadi emaphakatheni akhe, ehla, ngoba wezwa ukuthi kwakukhona amanye ezansi eDamaseku, bephethe loyopholisi yomshwalense. Futhi babekhiphe inzalo kuyo, futhi babenza izinto ngempela.

145 Nomprihi omkhulu wantshela, “Sawulu, uyindoda eshisekelayo. Thatha leligunya, kimi, yehlela lapho bese ubabopha bonke, ngoba abayilutho kodwa izidlamlilo, lapho akukholutho kubo. Yehla bese ubabopha, bese ubaphosa ejele. Uzofanele ubabulale, ubabulale, kulungile. Hamba ubalande!”

146 USawulu wathi, “Wena wakomkhulu, mnumzane, fata ongcwele, ngizohamba.” Wasuka wehla.

147 Esendleleni yakhe ebheke ezansi, wayehamba cishe ngeleshumi nanye nqo emini, esondela emzini. Khona manjalo, emazulwini kuvela iNsika yoMlilo, yamshaya yamhlala phansi. Wayesevuka ukuba abuke, futhi kwakukhona leyonsika yoMlilo phambi kwakhe.

148 Manje ukufakazisa lokhu kini. WayengumHeberu, futhi wayengeke neze akhonze noma yini noma abize noma yini ngeNkosi, ngaphandle uma wayekwazi ukuthi kwakuyiNkosi. Futhi wayazi, njengothisha phansi kukaGamaliyeli, ukuthi iNgelosi yeNkosi, okwakuyiZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu, okwabe kunguKristu wabahola bedabula ehlane, wayesesimweni sokuKhanya, iNsika yoMlilo. Futhi ngenkathi Imshaya imhlala phansi, futhi wabuka phezulu futhi waYibona lapho, wathi, “Nkosi.” Manje, wayengeke neze abiza lutho kuphela Lokho, iNkosi. Kodwa, engumHeberu, wazi Lowo kwakunguJehova. Yingalesosizathu wayenesambulo, wayengasho ukuthi uJesu weTestamente eLisha wayenguJehova weLidala. Leso kwakuyisambulo sakhe, ngoba wayebone uJehova. Wayesethi, “Nkosi, UnguBani na?”

149 Wathi, “NginguJesu, futhi kul’khuni kuwe ukukhahlela emeveni.” Futhi wakhipha ipholisi yomshwalense.

150 Qathanisa amadoda amabili ndawonye. Enye umHeberu osemncane ocebile owayefuna ukubambelela emasikweni abo; omunye owakholiseka. Omunye wawo uMbonile njengomuntu, ukuthi uNkulunkulu waba yinyama ukuze afe futhi asuse isono.

151 Igazi lamawundlu nezinto, ukuphila kwakuphakathi lapho, kwakungenakubuyela kokholwayo, ngoba ngukuphila kwewundlu, alinamphefumulo kulo, ukuphila kwesilwane. Kodwa lona kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe, futhi, khona-ke siba ngabazalwa yilowoMoya, singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ukuPhila okwakuseMhlats shelweni wethu.

Qathanisa amadoda amabili ndawonye.

152 UKubonile kuqinisekiswa, ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu. INsika yoMlilo efanayo eyayilethe abantu baKhe bedabula ehlane, futhi wabaletha lapho, wabondla usuku lonke. Khumbulani, ngenkathi uJesu esemhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi NgiyakuNkulunkulu.” WayeyiNsika yoMlilo eyathatha abantwana badabula ehlane.

153 IBhayibheli lasho, ukuthi, “UMose ethi kuyimfuyo kaKristu enkulu kunengebo leyo yaseGibhithe.” Washiya iGibhithe, ukuba alandele uKristu.

154 Ngenkathi Elapha, leyoNsika yoMlilo yayimelwe nguYe, uNkulunkulu. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Imisebenzi iyanitshela eNgifanele ukukwenza. Uma Ngingakwenzi lokho, khona-ke ningakukholwa. Kodwa uma ningenakuNgikholwa. . . .”

Bathi, “U—Ungumuntu Uzenza uNkulunkulu.”

155 Wathi, “Uma ningenakuNgikholwa, njengoMuntu, kholwani yimisebenzi. Ifakaza ngaMi.” Niyabo?

156 Manje, ngenkathi Esefile, wemmbelwa, wavuka, wenyuka, lapha siyaMthola futhi ekuleyoNsika yoMlilo. Wayevele kuNkulunkulu, futhi waya kuNkulunkulu.

157 Usenguye Lowo ofanayo, Lowo ofanayo manje. Qaphelani, impela, Lowo ofanayo Ayenguye.

158 Futhi ngenkathi uPawulu, noma uSawulu ngaleyonkathi, waqonda ukuthi uNkulunkulu uJehova, iNsika yoMlilo yeTestamente eLidala, Wayezibize ngoJesu, wakhipha ipholisi yakhe yomshwalense. Wayeseyilungele-ke ngaleyonkathi.

159 Isinqumo esingubudedengu obunje pho salowombusi osemncane! Okunje pho. . . Ukuthi ufanele kanjani ukuthi waye. . . Ini, wayengakwenza kanjani na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

160 Ubuyoyinikezani ukuba kushintshisane ngophefumulo wakho na? Emva kokuba zonke izakhiwo zakho, futhi u—

ukushiyela izihlobo zakho ukuba sikulwele, nayo yonke into, uthini ngalowomphfumulo futhi uzoba kuphi na? Khumbula, uyobandawondawo, izinkulungwane zeminyaka kusukela kulobubusuku. Lesi kungahle kube isikhathi sakho ukuba wenze isinqumo.

¹⁶¹ Qaphelani ukuthi yiphutha elingumdedengu kanjani lobusi- . . . U somabhizinisi o—owayempofu kanje pho, ukuzama ukubambelela esikweni, kube kanti kwakufakazelwe kuye futhi kwaqinisekiswa ukuthi Lapha kwakungukuPhila okuPhakade, futhi wazibonela ngokufanayo ngokubuza uJesu ngakho.

¹⁶² UPawulu wakwemukela. Siyazi ukuthi uphuma kanjani. Njengabantu bosuku, bathanda umbono wokuthandwa ngabantu, nodumo lomuntu esikhundleni sokuhlonishwa kukaNkulunkulu. UPawulu wayengenandaba nodumo lomuntu. Wayefuna ukuhlonishwa kukaNkulunkulu.

¹⁶³ Ake silandele lomfana osemncane umzuzwana nje ngaphambi kokuba sivale. Ake simlandele. Sithola indawo elandelayo, ukuthi, lomfo osemncane, niyazi ukuthi kwenzekani kuye na? Akaphenduki neze umfokazana, ngokwenza lokhu. Akaphenduki neze isinxibi emgwaqeni. Wandelwa izimpahla. Wayenqabe ithuba.

¹⁶⁴ Izikhathi eziningi, abantu namhlanje bayohleka futhi bahlekise ngoMoya oNgwele, bese-ke beqhubeka bese bandelwe ebhizinisini labo. Niyazi, ngiyaxolisa ngalesisisho . . . Kodwa uma behleka, bathi, “Ngani, buka, mina! Uma kukhona noma yini kuWo, uyabo, ngani, bekuyokwenzeka kimi, into ethize ibiyokwenzeka kimi.”

¹⁶⁵ Niyazi, kune—ne—nesaga, esithi, “Iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinezipikili lapho iziNgelosi zesabakhona ukunyathela.”

¹⁶⁶ Lombusi osemncane ngokwangempela wakwenza lokho. Niyabo? Wenza i—iphutha elesabekayo, futhi sithola ukuthi akuzange kulivimbele ibhizinisi lakhe. Wandelwa. Wathola okuningi kakhulu ukuthandwa ngabantu, wathola eziningi kakhulu izimpahla. Siyathola, emva kwesikhashana, ukuthi wayesethole ukuba mkhulu kakhulu kwaze kwathi ngisho wadingeka akhe izinqolobane ezintsha ukufaka izinto zakhe kuzo.

¹⁶⁷ Futhi ngenxa yokuthi ibandla lilahle uMoya oNgwele, kule zinsuku zokugcina, landelwe. Futhi manje niyongena eMkhandwini wenkolo yokuxuba amabandla, khona impela nje iBhayibheli elathi niyokwenza. Manje niyiLawodikeya ngempela, “ecebile neyandelwe yizimpahla,” impela nje njengoba leyonsizwa yayinjalo.

¹⁶⁸ Yayisifanekiso sebandla, lenqaba. UPawulu wayeyisifanekiso salowo omukelayo. Bobabili babenethuba, njengoba ninalo kulobubusuku, nami nginalo.

169 Wandelwa yizimpahla. Lenze njalo nebandla, uNyaka waseLawodikeya, wandelwe yizimpahla. Futhi khumbulani, wabamkhulu kakhulu, waze waphenduka waba ngothandwa ngabantu kakhulu, ngisho namakhosi amakhulu, abantu abakhulu, baqala ukuza. Wayesehlela idili elikhulu lesidlo, ngesinye isikhathi.

170 Futhi kwakukhona umnikazi wepholisi yomshwalense wokuPhila okuPhakade endaweni yakhe enezitolo eziningi ezincane, futhi sithola ukuthi wayelele phansi emnyango. O, ufanele ashanelwe ivuthuluka isuke kuye. Wayenethuba futhi, ufakazi, uLazaru efakaza kuye. Kodwa wavele nje washanela imvuthuluka yasuka, “O, awu, ngizozama lokhu, ngithathe lekota, noma ngabe yini,” niyazi. Leso kuthi akube isimo sokuziphatha sika 1964. “O, ngizosiza kancane. Lokho kulungile, myeke nje ahambe, niyabo.”

171 Kodwa wayibamba ipholisi yomshwalense. “Abampofu emoyeni,” uMathewu 5 usitshela ukuthi yilowo, “uMbuso weZulu ungowabo.”

172 Waqhubeka andelwa yizimpahla, futhi eya ngokuba mkhulu futhi eya ngokuba ngothandwa ngabantu kakhulu, nendoda enkulu, kodwa ukukhokhelwa kwakhe ekugcineni kuyafika. Ekugcineni kwafika. Emhlabeni wayenokukhokhelwa okukhulu. Wayenkonzayo yomngcwabo enkulu, akungabazeki. Umshumayeli omkhulu wehlelo uyafika, mhlampe wakhuluma amazwi amakhulu phezu kwakhe. Bangahle ukuba balehlisa uhhafu iflege. Osomabhizinisi bamthwala bamyisa lapho ayezombelwa khona. Kodwa iBhayibheli lathi, “esesehayidese,” ukukhokhelwa kwakhe kufikela ukwenqaba ipholisi yomshwalense wokuPhila okuPhakade.

173 “Esesehayidese waphakamisa amehlo akhe, esekuhlushweni.” Futhi wabuka le ngaphesheya kwegebe elikhulu, uJesu athi akukho-muntu oke waliwela noma oyoke aliwele, futhi wathola umnikazi wepholisi wokuPhila okuPhakade, eduduzwa, ngaphesheya. Bobabili. Omunye wayeKwemukele. Bobabili babenokukhokhelwa kwabo. Umshaneli wemvuthuluka waba nokukhokhelwa. Futhi manje isicebi siphenduka isinxibi, “Makuthi umnikazi wepholisi abuye futhi athinte izindebe zami nge—ngengcosana yamanzi, ngokuba lamalangabi ayangihlupha.”

174 Ungalenzi iphutha elifanayo, somabhizinisi. Ungofayo njengoba babenjalo nje. Ufanele wenze isinqumo. Tshala imali yakho manje. Qiniseka ngakho. “Yenza ukukhetha kwakho, ubizo ngeqiniso.” Khipha eyodwa yamapholisi omshwalense.

175 Buka umzuzwana nje—nje noma ngaphezulu, uma ungakwenza. Ngenkathi uMose, owashiya, eyinkosi yaseGibhithe, uFaro, ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu. UFaro wabuka phandle phezu kwabo njengesigejane sabetha

udaka, kodwa uMose wabuka phezu kwabo njengabantu abanesithembiso.

Ubabuka kanjani, abantu bakaNkulunkulu na?

¹⁷⁶ UMose waba nokukhokhelwa kwakhe. Bhekisisani abathwali bezidumbu bakhe. IBhayibheli lathi babeyi “ziNgelosi.” Ngani na? Akekho omunye ayengamyisa lapho ayeya khona. Zazingabathwali bezidumbu bakhe.

¹⁷⁷ Kwakukhona uElija ngesikhathi ukuthi bonke abesifazane babegunda izinwele zabo, njengoba uNkk. Kennedy enza namhlanje. Bapenda ubuso babo, uJezibeli. Inkosi nabobonke abantu bahamba ngokwezwe; ibandla lenza, nalo. NoNkulunkulu wathumela phakathi umprofethi, ogama linguElija, ukulahla ngecala leyonto. Emva kokuba esebemdala futhi esekhathele, wayeselungele ukuya eKhaya, akadingekanga ngisho nokuthi afe. Ukukhokhelwa kwakhe kuyafika, futhi, uNkulunkulu wavele nje wamthumelela phansi inqola namanye amahhashi, wayesemthwala emenyusela emaZulwini.

¹⁷⁸ UStefani, owama kwiSanhedrin, wakhuluma kwezwakala kubo wayesethi, “O, nina bontamo-zil’khuni, eningasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nenqaba ipholisi yomshwalense, njalo nimelana noMoya oNgcwele. Njengoba kwenza oyihlo, kanjalo niyenza nani.” Ekufeni kwakhe, waba nokukhokhelwa. Wabuka phezulu futhi wabona amaZulu evulekile, uJesu emi ngakwesokunene.

¹⁷⁹ UMoody, izinsuku zokugcina, cisse iminyaka eyikhulu eyedlule, umkhandi wezicathulo omncane waseChicago, kwakunzima ukuthi abhale igama lakhe. Iphepha lathunyelwa ukuba nengxoxiswano noMoody, ngesinye isikhathi. Inkonzo yakhe yayigqame kakhulu, babefuna ukumbona eyifaka ephepheni okwakuyenza; ukuthi yini iyayimayelana noMoody, ukuthi ufanele ukuthi wayewuhlobo olunjani lomshumayeli, nomshumayeli onamandla. Ngakho bathumela ukuba kube nengxoxiswano, ukubhala esikhaleni sabo somhleli. NoMoody wayengakwazi ngisho nokuyifunda emva kokuba sebeyibhalile, ngakho imeninja yakhe yayidingeka imfundele yona. Futhi wathi . . .

¹⁸⁰ Nansi indlela isikhala somhleli esasifundeka ngayo. Yathi, “Kungani noma ubani aye ukuyozwa uDwight Moody eshumayela, kungaphezulu kunoma ngingasho.” Wathi, “Into yokuqala, uyindoda embi kunawo onke engake ngawabona, unekhanda elinempandla nobuhwanqa bulenga.” Futhi wathi, “Mkhulu nje—nje macala onke njengobude bakhe.” Futhi wathi, “Uma ezama ukushumayela, akakwazi ukufunda. Futhi uyanswininiza uma eshumayela, ukhuluma ngekhalakhe, nokufefeza.”

¹⁸¹ Esequedile, uMnu. Moody wavele waqhikizisa amahlombe akhe nje, wayesethi, “Impela. Beza ukubona uKristu.” Ngakho

kwakuyilokho. Akunandaba ukuthi abagxeki wayeyini, wabamba ipholisi yomshwalense.

¹⁸² Ngenkathi efa, nodokotela wathi, “Lokho ngukufa okugadlile, Mnu. Moody.”

¹⁸³ Wavuka, wathi, “Ubiza lokhu ngokufa na? Lolu usuku lwami lokugcotshwa.” Niyabo? Wabamba ipholisi yomshwalense.

¹⁸⁴ Umngani wami olungile, uPaul Rader. Ngisengumfanyana, nga—ngagcotshwa ebandleni iMissionary Baptist, noPaul Rader wayeyiMissionary Baptist naye, ngakho, eFort Wayne, ngenkathi ngivame ukuyomuzwa eshumayela. Kamuva, wafika ngapha ngasoGwini lolwandle lwaseNtshonalanga futhi wathola inkathazo eningi kakhulu, futhi ekugcineni yinkathazo waze wagula, ekugcineni kwaholela emdlavuzeni, futhi wayefa. Yena noLuke babekade behambe ndawonye yonke impilo yabo, benamathelene njengondodana yami nami.

¹⁸⁵ Ngakho ngenkathi uPaul efa, iMoody Bible Institute yathumela ezansi osicula ngabane, futhi babemi lapho. UPaul wayenamancoko. Futhi waye... Encane enamandla... iMoody Bible Institute ecane, nalekwaya, yayithunyelwe ezansi lapho, noma osicula ngabane, futhi babecula elithi, “*Eduzane, Nkulunkulu Wami, NaWe.*”

¹⁸⁶ UPaul waphenduka wayesephosa ishidi elisusa kuye. Wathi, “Ubani ofayo, yimi noma yini na?” Niyabo? Wathi, “Phakamisani lezozisitho, futhi ningiculele amanye amaculo eVangeli amnandi asheshayo.” Futhi baqala ukucula:

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami
afela khona,
Phansi lapho ekuhlanzweni esonweni
ngakhala khona;
Lapho enhliziyweni yami iGazi elabhecwa
khona;
Udumo eGameni laKhe!

¹⁸⁷ UPaul wathi, “Uphi umfowethu, uLuke na?” ULuke wayesegumbini elilandelayo. Wayengafuni ukubona umfowabo efa. Wathi, “Mtsheleni eze lapha.”

¹⁸⁸ Ngakho uLuke wangena. Abaningi benu babemazi, umfo omkhulu oqatha. Wangena. UPaul welula isandla sakhe, elele embhedeni, wayesebamba uLuke ngesandla wayesembuka phezulu ebusweni bakhe, wathi, “Luke, kade sihamba ndawonye. Kodwa kucabange, Luke; emizuzwini emihlanu kusuka manje ngizobe ngimi eBukhoneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe.” Ebambe izandla zomfowabo, ipholisi yakhe yomshwalense yakhokhela.

¹⁸⁹ UDokotela Bosworth omdala, owayelapha esikhathini sokugcina, enami, okulandela esikhathi sokugcina, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nane ubudala, esanda kubuya

eAfrika nje. Ngaba ncingo oluthi “woza eMiami.” Ngaklebhula amathayi emotweni yami, cishe, ukuba ngifinyelele lapho. Lwathi, “Wayefa.” Ngaphuthuma kuye. Ngangazi ukuthi wayengumnikazi wepholisi. Ngehla.

¹⁹⁰ Ngangena egumbini lapho. Umfo omncane onekhanda elinempandla nezingalo zakhe ziphakeme, izingalo zakhe esezimathambo ezincane. Ngagijimela kuye ngase ngiwa ngobuso bami, ngase ngikhala, “Baba wami, baba wami, zinqola zikaIsrayeli nabamahhashi bakhe!” Wabeka izandla zakhe phezu kwami wayesengibusisa.

Ngathi, “Mfowethu Bosworth, ngingakukhulekela na?”

Wathi, “Qhabo.” Wathi, “Angiguli.”

Ngathi, “Yini indaba, Mfowethu uBosworth na?”

Wathi, “Ngiya eKhaya nje.”

¹⁹¹ Ngathi, “Bengikwazi lokho.” Ngase ngithi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona, Mfowethu Bosworth.” Ngathi, “Sasinini isikhathi esikhulu kunazonke sempilo yakho nenkonzo yakho na? Kade ukhonza uNkulunkulu ngingakazalwa. Besisemasini ezimishini ndawonye. Sibe sezipephweni, emoyeni nosolwandle. Wama ngakimi ngenkathi ngibone amademoni macala onke, nezinyanga bathakathi. Futhi kwakuwukuxhuxhuma okukhulu ngenkathi uNkulunkulu eziqeda amandla zimi lapho. Kwakuyikuphi ukuxhuxhuma okukhulu kunakho konke kwempilo yakho na?”

¹⁹² Wathi, “Khona manje.” Wayeselungiselela ukukhesha epholisini yomshwalense wakhe. Wathi, “Konke engikuphilele, Mfowethu uBranham, bekunguJesu Kristu, futhi noma yimuphi umzuzu Uzongena emnyango ukuba ngiyise eKhaya.”

¹⁹³ Yebo, labo babengabanikazi bepholisi abanikela ngakho konke ababenakho, futhi bayitshalela imali ePareleni linani elikhulu. Ungetshale imali, kulobubusuku, nawe, sisakhothamise amakhanda enu na?


¹⁹⁴ Ngeke ngabona ngale kwezethameli. Angazi ukuthi yini e... bangaki, nokuthi ubani obuka phakathi, kwithelevishini evalele ugesi kulobubusuku. Ngizokucela, mngani, lokhu makungabi ngamazwi ayize. Ungofayo. Ufanele ufe. Uyakwazi. Futhi kungahle kube phambi kokusa isikhathi sakho sizofika. Angi... umuntu ongekho kangako ekugqogqeni; futhi, ngoba uJesu wathi, “Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza.” Uma ikhona indawo enhliziyweni yaleyopholisi yomshwalense, kulobubusuku, ungeYemukele na? Leyopholisi yomshwalense nguKristu, uthando lukaNkulunkulu lukunikeza ipholisi yomshwalense, iZwi laKhe ukuba libe ngeliphilayo enhliziyweni yakho, likwenza ingxenye yaKhe. Yena Ungu-LiZwi. Memukele empilweni yakho. Ungekwenze, futhi wenze lokhu ukutshala izimali okukhulu na?

¹⁹⁵ Ngokubona kwami, ngiyabona kodwa cishe amafidi ayishumi ukusuka kimi, noma ishumi nanhlanu. Ngizonicela ukuba niphakamise izandla zenu uma nithanda ukwemukela eyodwa yale pholisi yomshwalense wokuPhila okuPhakade. Thana, “Ngiyayifuna, Mfowethu Branham. Ngikhumbule nje emikhulekweni yakho. Awusiboni isandla sami, kodwa uNkulunkulu uyasibona.”

¹⁹⁶ Baba wethu waseZulwini, lena elula, edelelekayo, nokho indaba eyiqiniso yokuphila. Ngiyikhulume ngalendlela, Nkosi, ngenxa yokuthi abantu, abantu bebhizinisi, bazoyiqonda kakhulu ngendlela yokuba yinto ethize emelwe lapha emhlabeni. Yingalesosizathu ngiyibiza ngepholisi yomshwalense. Ngithethelele uma benginephutha ekuyibizeni ngalokho. Ngokuba, manje sise—semzuzwaneni ongcwele ngempela, lapho okungekho kungabaza ukuthi baningi abacabanga kanzima manje, bazi ukuthi nabo bazobanekukhokhelwa kunoma yini abanayo lapha, futhi bayabona ukuthi kusho ukuthini ukwala.

¹⁹⁷ Manje, leyonsizwa, njengoba ngazi, mhlawumpe ithandwa kakhulu phakathi kwabantu, yasala ebandleni, yagcina imiyalelo, ayiphinganga, noma yebe, noma yenze lezozinto, kodwa enhliziyweni yayo uqobo yayazi ukuthi yayingenakho ukuPhila okuPhakade. Yenza labo, Nkosi, abazama ukuhlangana naWe, ngokuPhila okuPhakade, ngalezozici nje zesimilo, kwangathi bona kulobusuku bangemukela isimemo, futhi nje bahlale ezinyaweni zabo, futhi bathi, “Nkosi, ngizokwenza noma yini Ongicela ukuba ngiyenze.” Siphe khona, Nkosi.

¹⁹⁸ Bonke bangabaKho manje. Nginikela yonke into kuWe. Futhi uma imbewu iwele nomaphi, Nkosi, phezu kwanoma yimuphi umhlabathi, noma iyiphi imbewu emiselwe ngaphambili, ngokuba iminyaka eminingi ibilamba futhi yoma, ingahle ukuba iwele komunye ndawondawo kulobubusuku. Kwangathi bengemukela ukuPhila, Baba, ngokuba ngikucela eGameni likaJesu Kristu.

¹⁹⁹ Nanamakhanda ethu ekhotheme ngokuqhubekayo, ngizocela uMfowethu Peary, uma ethanda, ukuba eze lapha futhi asale, ekuthatha okusele kwenkonzo. 

UKUTSHALA IZIMALI ZUL64-0314
(The Investments)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoMgqibelo kusihlwa, ngoMashi 14, ngo 1964, wenzelwa idili lesidlo lokwamukela osomaBhizinisi eBeaumont Hotel eBeaumont, eTexas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org